

UKUHLOLWA KWABAHAMBI

Abasebenzi Mbonyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo emsebenzini wabo okumele ukuba bahlole izimpahla, amagceke, izimoto noma imikhumbi. Lokhu kungenxa yeSigaba 15 othi nobani ongenayo noma ophumayo eNingizimu Afrika kumele, ngendlela ezobekwa yiKhomishana, adalule zonke izimpahla (kubandakanya izimpahla zomunye umuntu) ezikuye noma aziphethe (kubandakanya izimpahla ahamba nazo noma ezingaphelezeliwe):

- ezathengwa noma ezatholakala phesheya noma kunoma imuphu umkhumbi, imoto noma nakusiphi isitolo esidayisa izimpahla ezingakhokhelwanga intela;
- ezalungiswa kabusha, zenziwa ngendlela ethile noma zalungiswa phesheya;
- ezingavunyelwe, ezithitshelwe umthetho noma ezilawulwa ngaphansi kwanoma imuphi umthetho; noma
- ezatholakala ukuba zidalulwe ngaphambi kokuthi ahambe eNingizimu Afrika njengoba kushiwo ngezansi.

Ngaphambi kokuthi uhambe, zonke izimpahla ofuna ukuziphatha weqe nazo imingcele yaseNingizimu Afrika, kubandakanya izimpahla:

- Oziphathele omunye umuntu;
- Eziyolungiswa kabusha, zenziwe ngendlela ethile noma zilungiswe phesheya;
- Ezingavunyelwe, ezithitshelwe umthetho noma ezilawulwa ngaphansi kwanoma imuphi umthetho; noma
- Izimpahla umuntu obengene eNingizimu Afrika isikhashana obekumele azidalule uma engena eNingizimu Afrika.

Njengomhambi, kumele uyiphendule yonke nangokwethembeka imibuzo oyibuzwa umsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo, uma umsebenzi edinga ukuthi wenze kanjalo, uphinde ukhiphe futhi uvule izimpahla lezo uku zihlolwe. Kumele ukhokhe intela ehlolwe uMsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo, uma ikhona, kuMlawuli / uMphathi weGatsha.

Umsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo angamisa, abophe futhi ahlole izimpahla eziphelezeliwe nezingaphelezeliwe uma zingaphansi kokulawulwa uMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo ukuze uthole ukuthi ngabe ziwulandelile noma ziwuthobelile yini okuhlinzekelwa uMthetho weNtela yeMpahla engenayo nephumayo neNtela eqoqwayo noma namuphi omunye umthetho, omayelana nezimpahla.

Umsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo noma kunini, angagqekeza izingidi ezifase izimpahla uma izikihiye zalapho zingakhishwa uma zifuneka. Akekho umuntu ozothola isinxephezelu uma kwenze ka kulahleka noma kulimala izimpahla ngesenzo soMsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo. Umsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo ungahlola izimpahla ezingaphelezeliwe bengekho labo abamele imoto ezihamba ngayo noma i-ejenti yakhe uma kuzanywe kwahluleka yonke imizamo yokuthola ukuthi ukuphi lowo ommele imoto ezihamba ngayo noma i-ejenti yakhe.

Izinhlawulo

Amakhasimende kumele athobele konke okuhlinzekelwa uMthetho wokuhlolwa, uma ehluleka ukwenza lokhu, kuthathwa njengecala. Amacala angaholela ekutheni:

- Kube nezinhlawulo zemali;
- Ushushiswe ngecalo lobugebengu; kanye/noma
- Ukumiswa/ukusulwa kokubhaliswa/kwelaysayensi/ukugunyazwa.

Ngolwazi olwengeziwe ngokuhlolwa kwabahambi, ungabheka inqubo yokudluliswa kwabahambi ebizwa nge-[Traveller Processing](#).